



Cambridge IGCSE™

CANDIDATE
NAME

CENTRE
NUMBER

--	--	--	--	--

CANDIDATE
NUMBER

--	--	--	--



ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE

0531/01

Paper 1 Reading and Writing

October/November 2023

2 hours

You must answer on the question paper.

No additional materials are needed.

INSTRUCTIONS

- Answer **all** questions.
- Use a black or dark blue pen.
- Write your name, centre number and candidate number in the boxes at the top of the page.
- Write your answer to each question in the space provided.
- Do **not** use an erasable pen or correction fluid.
- Do **not** write on any bar codes.
- Dictionaries are **not** allowed.

INFORMATION

- The total mark for this paper is 70.
- The number of marks for each question or part question is shown in brackets [].

This document has **20** pages. Any blank pages are indicated.

Umsebenzi 1

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo esekhasini elilandelayo.

Bothisha Besayensi!

Ngabe niyafuna yini abafundi benu bazi ukuthi isayensi iwuguqula kanjani umhlaba?

Yebo, bazokwenza lokho uma nje bevakashela

Embukisweni wezesayensi wezikole

Zonke izinsuku ngenyanga kaJuni, abafundi bazoba nethuba lokuhlangana nekusasa e-*Durban Exhibition Centre*.

Kuzoba namakhulu emisebenzi yesayensi abafundi abangayijabulela ukuyizama, kanye nethuba:

- lokungena ku-*capsule* yasemkhathini
- lokukhuluma nosomkhathi emoyeni mayelana nokuthi osomkhathi basebenza, balale futhi bazijabulise kanjani, esiteshini sasemkhathini
- lokufunda ngokuthi ubuchwepheshe basemkhathini buthinte kanjani impilo emhlabeni
- lokubuka amavidiyo ngemizamo yomhlaba wonke yokulwa nokuguquka kwesimo sezulu
- lokuzwa osolwazi basemanyuvesi bekhuluma ngokuthi abantu bazoguquka kanjani esikhathini esizayo
- lokwenza ucwaningo lokuhlola ukuthi izakhi zofuzo (amajinethiksi) zingasiza kanjani ukuqeda izifo emhlabeni wonke jikelele.

Siqinisekisa ukuthi sonke isivakashi sizophuma simangazwe yilokhu esizobe sikubona – futhi abafundi bangahamba nomqulu wolwazi ukuze bathuthukise ukuqonda kwabo izifundo zesayensi esikoleni.

Ngakho-ke, bothisha – uma nifuna izinsizakufunda zokulungiselela abafundi benu ngabazokubona embukisweni ukuze bakwazi ukuzuza kakhulu kuwo, sicela niye kuwebhusayithi yethu. Nizothola uhla olumangazayo lwezinto kanye nezinhlelo zokulungiselela izifundo ezenzelwe nina zokufundisa ngemuva kokuvakasha kwabo.

Umbukiso wezesayensi wezikole uxhaswe yi-*Durban Chamber of Commerce* kanye ne *Inviva Pharmaceuticals Ltd*. Iwebhusayithi yethu ithi: www.SchoolScienceShow.za

- 1 Yini abafundi abazoyifunda uma bevakashela umbukiso wezesayensi wezikole?
.....
..... [1]
- 2 Lo mbukiso wenzeka kuyiphi inyanga?
.....
..... [1]
- 3 Abafundi bangafunda kanjani ngempilo esiteshini sasemkhathini?
.....
..... [1]
- 4 Ngubani ozotshela abafundi ngokushintsha kwabantu?
.....
..... [1]
- 5 Yimuphi umsebenzi ofundisa ngokuthi abantu bazosizakala kanjani ukuthi bangaguli esikhathini esizayo?
.....
..... [1]
- 6 Yisiphi isipho samahhala abangahamba naso abafundi?
.....
..... [1]
- 7 Yisho izinto **ezimbili** ezingatholwa othisha kuwebhusayithi?
.....
.....
..... [2]

[Amamaki: 8]

Umsebenzi 2

Funda ngezansi bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

U-Jacob Sithole uneminyaka eyi-18 kanti wenza izifundo zobunjiniyela eNyuvesi yaseThekwini.

Ucabanga ukuthi i-*Outdoor Society* ibukeka ijabulisa; umzala wakhe wayeyilungu layo le nhlango futhi wayincoma kakhulu. Ungumgibeli wamabhayisikili ozimisele futhi ufuna ukuzama ukugibela izintaba. Unezimpahla zokuhamba ngebhayisikili, kodwa elakhe ibhayisikili ngeke lilunge, ngakho-ke unethemba lokuthi iNhlango ingamboleka. Ohambeni lwakhe lwezintaba uhlela ukungena ehlathini nekhamera yakhe bese ethwebula izinyoni.

U-Jacob akafuni ukungenela konke okwenziwa kule nhlango. Akawathandi amanzi futhi akakwazi ukubhukuda ngaphezu kwamamitha ayi-10, kodwa akusho ukuthi akanamandla – wake wahamba ngebhayisikili amamayela angama-75 ngosuku. Uneminyaka emi-5 ehamba ngebhayisikili futhi ungumgibeli wamabhayisikili oqaphelayo – eminyakeni emi-3 edlule wawa ehamba ngesivinini waphuka umlenze. Ubesesibhedlela izinyanga ezi-2 futhi kusaba buhlungu kancane uma ekhathele. Ngaphandle kwalokho useke waba nokulimala okuncane nje.

U-Jacob ungumuntu okhuthale kepha uyathanda ukunethezeka – akathandi ukulala kwenye indawo ngaphandle kwasendlini. Ngaphandle kwalokho, ungumuntu okhululekile kakhulu. Udla yonke into futhi uhlalisana kahle nabantu bonke. Uhlela ukuzijabulisa ezintabeni.

8 Zicabange ungu-Jacob ugqwalisa leli fomu. Sebenzisa imininingwane etholakala ekhasini elidlule.

<i>I-Outdoor Society</i>	
INyuvesi yaKwaZulu-Natali	
Ifomu lokubhuka lohambo lwangempelasonto – Isimesta yesibili	
ISIGABA-A: IMININGWANO YAKHO kanye NONGAKWENZA	
Igama eliphelele:	<i>Jacob Sithole</i>
	Owesilisa/ Owesifazane (<i>susa okungafanele</i>)
Isifundo:	<i>ubunjiniyela</i>
Iminyaka yokuzalwa:	[1] Uzwe kanjani ngathi?
	[1]
Othanda ukukwenza (<i>dwebela okufanele</i>):	Ukuhamba ngomkhumbi Ukuhamba ngebhayisikili ezintabeni Ukukhuphuka intaba Ukubhukuda echibini [1]
Isipiliyoni kulo msebenzi: Iminyaka [1]
Ibanga elide eselike lahanjwa kulo msebenzi: Amamayela [1]
Kungabe udinga ukuboleka imishini yeNhlangotho? Sicela ubhale izidingo zakho lapha: [1]
Sicela uchaze ngokulimala oke waba nako: [1]
ISIGABA-B: Indawo yokuhlala nokudla	
Ohambeni lwangempelasonto, silala ezintabeni.	
Sicela usho indawo oyithandayo (<i>dwebela okufanele</i>):	Ihostela Ithende lomuntu oyedwa Ithende elihlanganyelwe [1]
Izidingo zokudla (<i>dwebela okufanele</i>):	Imifino Angidli noma yini ephuma esilwaneni Okungenayo i- <i>gluten</i> Azikho [1]

[Amamaki: 9]

Umsebenzi 3

Funda le nkulumo bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

Ukufuywa Kwezinyosi e-Afrika

Bengisenkomfeni yezolimo e-Nairobi ngenyanga edlule, ngaba nenhlanhla yokuhlangana nomunye wosomabhezini abahlukile baseKenya, u-Amina Nyong'o.

Enyakatho ye-Kenya ewugwadule, u-Amina ukhulisa kancane kancane ibhizinisi lakhe loju lwemvelo ezihlahleni ze-*Acacia*, futhi uthatha izinyathelo zokuqala zokuthumela umkhiqizo wakhe kwamanye amazwe. Ungitshela ukuthi cishe masonto onke uvakashelwa ngabantu abavela ezigodini ezahlukene, ukuzothola izeluleko futhi becela nokusebenza naye. “Okubalulekile ukuthi kuvame ukufika intsha ngoba iningi layo lifuna ezinye izindlela zokuphila kunokufuya imfuyo futhi abafuyi bezinyosi bangenza imali enhle lapha,” kusho u-Amina. “Ngaphezu kwalokho, kukhona ukushoda koju emhlabeni,” kugcizelela u-Amina. “I-EU iyona engenisa kakhulu izimpahla ezivela kwamanye amazwe emhlabeni. Kukhona ithuba langempela le-Afrika lapho – ngenxa yobusika obungenzima, amazwe amaningi ase-Afrika anezimo ezifanele zokufuya izinyosi ukwenza imali.”

Kepha izifiso zika-Amina azincikile enzalweni kuphela. Usebenzisa ibhizinisi lakhe ukukhuthaza ukuvuselelwa kwamahlathi ngasezigodini ezilinyazwe ukugcina imfuyo emashumini eminyaka. Uma kunezihlahla eziningi izinyosi nazo zizoba nokudla okuningi: izinyosi eziningi zithutha impova (*i-pollination*) engcono yezitshalo zabalimi – nokuvuna uju oluningi. “Ngakho-ke kunenzuzo ephindwe kabili ngokutshala izihlahla futhi umhlaba wonke uzuze,” kuqhubeka u-Amina.

Abantu nezinyosi kungaphilisa. “Ngizokunikeza isibonelo,” kusho u-Amina. “Ukubiya ngezindlu zezinyosi sekuzanywe kwaba impumelelo ezindaweni lapho kuphila khona izindlovu nabantu. Babiyele insimu yezitshalo ngezindlu zezinyosi. Izinyosi ziqhubeka nomsebenzi wazo wokuphuthula impova, kepha lapho indlovu iza ukuzodla izitshalo iphazamisa izindlu zezinyosi, izinyosi zibe sezicasuka bese indlovu kufanele ivele ibaleke ngokushesha.” Ngakho-ke, izindawo okufuywa kuzo izinyosi zingathola ukuvikeleka ezitshalweni zazo futhi, lokho kubuye kunciphise ukubulawa kwezindlovu ngenxa yokuziphindiselela. Futhi-ke imali evela ekufuyeni izinyosi isemthethweni, okuyindlela ephiphile kunokubulawa kwezilwane zasendle ngokungemthetho.

Ngakho-ke, ukugcina izinyosi kubukeka njengemboni enhle ehlanzekile, yize abanye ososayensi benenkinga yokuthi izinyosi zoju zibe uphawu lokulondoloza. Bakhathazwa ukuthi izinyosi zoju zingancintisana nezinye izinambuzane ezithutha impova, okubeka izinhlobo zezilwane zasendle engcupheni.

Isazi sezomnotho sase-Namibia u-Ngeve Shangombe weNyuvesi yase-Namibia (i-UNAM), uveza ukuthi ukufuya izinyosi kudinga nosizo ukuze kufinyelelwe ngokugcwele emnothweni: “Ngaphandle kwemali engenayo yangempela ngeke kube khona isikhuthazo esinamandla esanele sokuthi abantu bavikele izihlahla, lezi ezingagcina sezisetshenziselwa amalahlle noma izinkuni.” Uthi, “Inkinga ukuthi ukufuya izinyosi e-Afrika kwesinye isikhathi kuqalwa izinhlangano ezizimele (ama-NGO) njengesinyathelo esihle somnotho. Zinikeza imiphakathi yasemakhaya amakhono ayisisekelo okufuya izinyosi, okuyinto enhle, kepha zibe sezidlulela kwesinye isifunda noma kwelinye izwe zishiye kungekho ukuqeqesheka okwanele ebantwini bendawo futhi baba nobunzima bokuthengisa uju. Kungakapheli neminyaka embalwa, abantu bendawo baphela amandla futhi kujwayelekile ukuthi izindlu zezinyosi zithengiswe ngemali noma zisetshenziswe njengezinkuni. Lokho kungukuqeda amandla.”

U-Amina uyavuma: “Kunezindawo eziningi eningizimu ne-Afrika lapho imboni yezinyosi ingaqhakaza khona iphinde yenze inzuzo. Imboni yezinyosi ingafinyelela ezimakethe zasemadolobheni noma zamazwe omhlaba. Yilokhu abaholi bamabhezini endawo abangakunikeza – okuyilapho mina nabanye osomabhezini singena khona!”

Uceliwe ukuthi ulungise amanothi enkulumo emfushane ngemboni yezinyosi e-Afrika.

Sebenzisa imibono evela embhalweni ukuze wenze amanothi enkulumo yakho ngaphansi kwezihloko ezilandelayo.

9 Amathuba okufuya izinyosi e-Afrika njengemboni

- Abafuyi bezinyosi bangenza imali enhle kunabafuyi bemfuyo
..... [1]
- [1]
- [1]

10 Indlela indalo kanye nezilwane zasendle ezingasizakala ngayo ngokufuya izinyosi

- [1]
- [1]
- [1]

11 Usizo olucacile oludingwa yimboni yezinyosi e-Afrika ukuze iphumelele

- [1]
- [1]

[Amamaki: 8]

PHENYA IKHASI UKWENZA UMSEBENZI 5

Umsebenzi 5

13 Sesiside isikhathi ufuna ukuba nekati nomainja ozozigcinela yona ekhaya. Ekugcineni, kulo nyaka abazali bakho bavumile ukuba ube nako.

Bhalela umngane wakho incwadi umtshale izindaba ngekati nomainja yakho. Encwadini yakho ungafaka eminye imininingwane elandelayo:

- incazelo yokubukeka nesimilo sekati nomainja yakho
- indlela ocele ngayo abazali bakho ukuthi bashintshe umqondo
- uchitha kanjani isikhathi nekati nomainja yakho
- ukuthi ikati nomainja yakho kuyithuthukise kanjani impilo yakho.

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama ayi-**150** kuya kwangama-**200** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

Umsebenzi 6

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

Ukugcina Umzuzu – nguSipho Msomi

Sacela umthwebuli wezithombe zemidlalo ohamba phambili uSipho Msomi ukuthi akhulume ngempilo yakhe. Nakhu akusho:

Yize abantu abaningi becabanga ukuthi ukuba ngumthwebuli wezithombe zemidlalo kusho impilo elula nemnandi yokuba phambili emicimbini yezemidlalo, iqiniso wukuthi kuwumthwalo – futhi ngiqonde ukuthi imithwalo – yomsebenzi onzima – ngaphandle kokuba phambili emidlalweni nasemicimbini! Kungenzeka ukuthi uyazithanda ezemidlalo futhi ungathanda ukwenza umsebenzi wokuba ngumthwebuli wezithombe zemidlalo, kodwa kumele wazi ukuthi kuningi ongakwenza kulo msebenzi okudlula ukufika emidlalweni usuphethe umakhalekhukhwini wakho.

Okokuqala nje, umthwebuli wezithombe zemidlalo angenza imisebenzi ehlukenene. Abanye baqashwa yiqembu elithile – njenge *Kaiser Chiefs* – bese beya kuyo yonke imidlalo yalo, edlalelwa ekhaya nedlalelwa kude. Into enhle kakhulu ukuthi, njengoba usuke wazi izinhlelo zeqembu ngaphambi kwesikhathi, uthola ithuba lokuhlela isikhathi nomndenani wakho. Uba nethuba futhi lokwazi abadlali uqobo lwabo, okungaba yinto ethokozisayo ngempela. Ukusebenzela iphephabhuku elithile kungenye indlela. Unikezwa imicimbi noma imidlalo okumele uyibheke futhi utshelwe nokudingakalayo. Yebo iholo lingahle livikeleke, kepha mancane amathuba okuthola isithombe esivelele impela. Bese kuba nokuzimela – umsebenzi ongaqinisekile! Umthwebuli wezithombe ukhetha ukuthi yimiphi imicimbi angayibheka bese ethemba ukuthi uzothengisa lezo zithombe ukuze athole imali yakhe. Kunenzuzo enkulu kuphela uma ukwazi ukwakha ubudlelwano nezinkampani zabezindaba ezifanele, kepha lokho kungenzeka kuthathe iminyaka eminingi ukuba kuphumelele.

Sengisebenza ngokuzimela manje, futhi kuyimpilo ematasa, ukubona umhlaba, ukuhlala emahhotela amahle. Lokho kungazwakala kukuhle, kepha imvamisa akukho engikulangazelela kakhulu kunokuthola ukuphumula okuhle embhedeni wami.

Noma ngabe yiyiphi indlela oyikhetayo kunezinto ezithile ezifanayo. Izinsizakusebenza kufanele zihlale zihlanzekile, zisebenza ngokugcwele futhi zihambisana nesikhathi ukuze kuthathwe izithombe ezinhle kakhulu. Awuyena umthwebuli zithombe ofanele uma ungayinaki imishini yakho.

Ukuhambela imicimbi yezemidlalo kuyinto ehamba phambili. Uthola ithuba lokuba seduze nabantu abadumile kuzo zonke ezemidlalo futhi indawo enhle kakhulu yokubukela emidlalweni ibekelwa wena. Okubi ukuthi ingcindezi ihlale ikhona futhi alikho ithuba lesibili. Uma ithuba lokuthwebula isithombe esihle selidlulile, lihamba unomphela. Ngesikhathi somdlalo uzikhandla njalo uhamba uzungeza indawo yokudlala, uhamba uthwebula izithombe. Futhi nangesikhathi sekhefu akukho ukuphumula – unezinsizakusebenza okumele uzihlole, namakhadi ememori okumele uwashintshe... Kuthi lapho impempe yokugcina ikhala usuke usufile, kepha kufanele uphinde ubheke zonke izithombe, sinye ngasinye, ubheka esihle kakhulu. Lokho kungakuthatha amahora athe xaxa bese kubuye kudingeke usilungise kahle ngaphambi kokusithumela ukuze siyoshicilelwa.

I-*bugbear* kanokusho iwona mshini – inkulu, ivame ukuba ntekenteke, futhi ihlale ibiza, ngakho-ke mhlawumbe kungcono ukuyiqasha kunokuyithenga lapho usaqala emsebenzini. Kufanele wenze uhlu lwezinto ezibalulekile ongeke usuke ekhaya ungenazo. Akukho kuhle ukuzithola ushoda ngokuthile – njengebhethri lomlilo eliyisipele – emsebenzini. Kuthatha isikhathi ukuqoqa uphinde ulayishe, bese upakisha emva komcimbi. Futhi maqondana nezinsizakusebenza, enye into engiyifundile kwengahlangabezana nakho – uyawudinga ngempela umshuwalensi obhekelela izingozi nokuntshontshelwa.

Pho-ke yini ekwenza uthatheke ngempela ngalo msebenzi? Ukubona igama lakho ephepheni lezwe lonke, ngaphansi kwesithombe esisezingeni lomhlaba, angithi nje, segoli lomzuzu wokugcina. Lowo mzuzu uzongena emlandweni wezemidlalo – futshi kuzobe kunguwe owugcine unomphele!

14 Ngokusho kukaSipho, yini abantu abaningi abayicabangayo eyiphutha ngempilo yomthwebuli wezithombe zemidlalo? Kungani iyiphutha?

.....

 [2]

15 Yini eyenza impilo yomndeni ibelula kubathwebuli bezithombe abasebenzela amaqembu ezemidlalo amakhulu?

.....
 [1]

16 Kungani umthwebuli wezithombe engacabanga ukuthi ukuzimela akuhehi kangako kunokusebenzela iphephabhuku?

.....
 [1]

17 Yini eyenza uSipho angagculiseki ngempilo yakhe yansuku zonke kwesinye isikhathi?

.....
 [1]

18 Kungani uSipho ekhathele ekupheleni komdlalo? Bhala amaphuzu **amabili**.

.....

 [2]

19 USipho uqinisekisa kanjani ukuthi abenayo yonke into ayidingayo?

.....
 [1]

20 Kungani uSipho eqaphela ukuchaza isidingo sokuba nomshuwalensi?

.....
 [1]

21 USipho ufuna abantu bamkhumbule kanjani?

.....
..... [1]

[Amamaki: 10]

Umsebenzi 7

22 Isikole sakho saziwa ngokukhiqiza abafundi abaphumelelayo kwezesayensi, futhi sinamalabhorethri amabili. Isigungu esilawula isikole siphakamisa ukwakha ilabhorethri yesithathu. Wena nabafundi ofunda nabo ninomuzwa wokuthi okudingekayo esikoleni yithiyetha.

Bhala i-athikili yephephabhuku eliku-inthanethi yesikole ukuze uchaze umbono wakho.

Nayi imibono evela kwabanye abafundi. Ungayisebenzisa le mibono noma ufake eyakho:

- “Singabaculi abazimisele, kepha asinandawo yokudlalela.”
- “Ngizibona njengomlingisi ngelinye ilanga, hhayi isazi sezinto eziphilayo.”
- “Ngiyazi angisona isiphukuphuku, kodwa nje angimuhle ezibalweni nakwezesayensi.”
- “Abazali bami bafuna ngifeze amakhono ami. Bangathanda ukungibona ngisesiteji.”
- “Isayensi akuyona kuphela indlela yokucebala!”
- “Ukukhiqizwa kwemidlalo yaseshashalazini yesikole kuthokozisa umphakathi ngaphezu kokwenza isayensi!”

Indaba yakho kumele ibe ngamagama angama-**200** kuya kwangama-**250** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

A series of 25 horizontal dotted lines spanning the width of the page, providing a template for writing or drawing.

[Amamaki: 15]

BLANK PAGE

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge Assessment International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cambridgeinternational.org after the live examination series.

Cambridge Assessment International Education is part of Cambridge Assessment. Cambridge Assessment is the brand name of the University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is a department of the University of Cambridge.